Cattle, marriage and youth factions amongst the Sithole.

377 (19) 1 b K/3/21 K13/21 1/13

1. **A6akwa Sithole.**

A6aka Bande Sithole emhlumayo:- Ukucelwa kwentombi noku gana nokuhlompha notshwala: Kuseyinto enkulu ukucelwa kwentombi. Kuyaye kuthi umfana uma esevumelene nentombi. Use6ikela unina ukúthi usekhulile unina usezo6ikela uyise ngasese futhi. Uyise yena usezokhuluma nomfana lowo yena. Uma e6ona ukuthi usemncane usezolandula izinkomo uyise uma ukuthi usekhulile usezomuvumela. Sekuzohlangana umndeni. Sekuzokhetwa umuntu oku6a ayocela noma a6antu a6a6ili..Pheli umfana unikwa intombazane. Uma ukuthi intombazane anikwa yona isiganile usezo thatha lezonkomo zayo. Uma ukuthi ayika gani kolotsholwa ngayo, manjeke.

2. Uyise usezo tshena umnindeni ukuthi nangu use6a ni6ani uthi usekhulile ukhulele intombi ka6ani. Sekuzokhulunywake. Kuzothi uma6e vumelana sekuzo funwa umuntu oyisihlo6o njena kulowo muzi. Usezothunywa uku6a makayo celala intombi leyo. Kwesenye isikathi kuthunywa a6a6ili 6ahambeke. La6a 6antu 6avuka ekuseni impela kuthi kusa 6e6e ngena khona kulowo muzi. Kakhulu uma kusaqalwa. Uma sekuphakathi njena 6ayaya noma isiphi isikhathi ngo6a se6aziwa. Kuthunywa umuntu okwaziyo ukukhuluma. Uzothi uma efika akhuleke athi (wena ka 6ani) usezongena ngokulilonipha kukhulu emuzini. Usezo 6ingeleiwa. Kwesinye isikhathi uzofumanisa umnumzane eyedwa.

3. Usezothi ukuzwa loku umnumzane athi ngiyezwa wena wase kuthini phoke anginazwi namhlanjena ngisazo 6ikela umnideni wakithi. Lona ozocela uthi uku6a ahlale phansi a6ese ekhuluma ukuthi uthunywa u6ani uthi makazo mokhela umulilo. Kuzothi uma se6ephindela okwesi6ili manje usozo fumana 6ephelele 6onke. Usezothi uma efika mhlaumbe angakhulumi umnumzane athule athi du. Usezo kipha mqanqa mazinyo umkhongi lowo kwa6anye njalo u £1 kwa 6anye £2. Kuye-ndlula na njalo njena. Uzothi uma eseyi khiphile 6ese 6emu 6iza isi6izo u £10 isi6izo sa6a Thembu. Usezo hamba ke ayofuna leyo mali umkhongi. Uzothi

4. angayi thola aphindale khona futhi manjena uma eseyi khiphile imvula mlomo 6ese 6emu6iza ngokuthi umkhwenyana. Sonke lesi isikhathi u6ese umuntu njena. Usezo hlinzekwa nango tshwala uma eza. Usezohlonishiwa impela manjena ngo6a umse6enzi wakhe usu6ona kala. Ingathi kuthi musukwa kade efike okokuqala 6ese ku6izwa amantombazane

/uku6uza....................

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

uku6uza ukuthi niya mazi lomuntu na. Asazokushoke amantombazane uma emazi. Uma amantombazane engamazi usezoxoshwa impela 6amushaye nokumushaya ngo6a uzoganga ngomuzi womnumuzane. Kuzothi ngalanga linye afike esezokusho izinkomo inani lazo alo6ola ngazo. Uzofika azisho ngomu6ala wazo zonke izinkomo.

5. Uma ulo6ola azikhushwa zonke kanye kanye izinkomo ukhipha zi6e u 8 isishiyagalombili ku6e yinquthu kanina lena ka 9 isishiyagalolunye Uma ukhiphe zayisonto akuvunywa ngo6a usuke umhla6e ngomukhonto owadwa umnumzane. Phoke lezi ezisilele ezinkomo wozi khokha ngesinye isikhathi njena. Izinkomo lezi akhukhetwa kakhulu ngo6a nenkonyane liya6alwa noma ezandwa kuzalwa njena. Inkomo a6ayalayo endala esigugile. Futhi inkomo esimuze i6ukisiswe inkomo okuthiwa inquteni. Kufuneka inkomo enhle impela. Sekuzothi uma esezi6alile umkhongi 6ese 6emuntshena a6ase muzini usuku a6ayo fika ngalo lapho ku6o kamkwenyane Manjena sekuzohamba umndene amadoda athize athenjiwe impela manjena

6. kuthi emuzini lapho ku6o kamukwenyana se6ezo hlingekwa ngoshwalana ngembuzi a6ayoyi hla6a.

Seku6a usuku olukhulu impela. Kuzothike uma se6ezo6ona izinkomo kuthi njalo ezinye a6angazi funi 6azale. Sekuzo6uye kukhishwe ezinye izinkomo ezingcono. Uma6e thanda a6asemuzini 6a6ize ihashi nesi hla-lo.salo ngaphandle kwaloko uku6a kunge shadwe. Kuzothi uma sekuzoshadwa intombazane izilungisele ngalemali okuthiwa isi6izo u £10. Umkwenya naye uyaye ahambe. Ayofuna izingu6o emuse6enzini nezimali zamabodwe <u>no6iki 6iki</u>. Usezosika amasuyudi nokunye koku hlo6a. Umakothi yena uzothenga i6okisi lezi ngu6o zakhe nezindishi na mashali a6ase muzini okwa6a.

7. Akahambi yedwa umakoti uphele zelwa ezintombi saku6o nenye iphume ku6o kaMkwenyana. Izintombi ahambamazo ezokumu twalisa umakoti. Lena yaku6o kamukwenyane eyokumubasoba. Phela intombazane ithi ingacelwa ihambe ngenwumelo yase muzini. Inga6e isahamba ngentando yayo neyaku6o wayo. Isizohlonipha impela ithi uma i6ona a6ase muzini i6ale ke iyocasha futhi noma izohlangana na6o ayi6e beki emehlweni ibeka phansi ikhulume ngezwi elincane impela. Kuzothi nezingu6o zayo zehluke kwezinye izingu6o zamanye amantombazane. Isizo faka ezinde yona leyo ntombazane futhi ihize ngentwana lapha emahlombe ukukhombisa ukuthi yona isingomunye umuntu. Sekuzo 6onakala nase zinsigweni

/ukuthi..................

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

ukuthi isiceleli we yona.

8. Kuzothi uma sekufike usuku loku shada sekuzo menywa izinsuku zise kude kusasele isonto 6ese kuya gcwiliswa ama6ele konke loku kulungiswa uyena umkhongi na6asemnzini. Kuyakuthi ngosuku lomushado umkhongi uyena oyohamba phambili ayahla6a inkomo yakhe. Kuzothi umakufika umuthimba 6ese uye umkhongi ozokhomba intu6a yokungena emzini. Uma umkhongi edukile uyahlawu liswa. Konke kwenziwa umkhongi uze uphele umshado. Na6aku6o kamakoti 6azo6i ka kumkhongi yonke into eswele kileyo. Nezinkomo umkhongi ozilungisayo ezihlatshiweyo. Noma sekwa 6uva umukhongi uthola uma6o naye. Uvama ukuthola icansi nomuqamelo. Kuzothi futhi.kwamkhongi kuphume imbiza yotshwala ezophiywa a6ase muzini. 6a6u phuzele kwa Mkhongi.

9. Ukuhlonipha komulo6okazi nemikhu6a eminye ya6antu kwelase 6a Thenjini: Umlo6okazi akathethi uyathula impela ahlonipha umuzi nekhaya lapho aganekhona. Nengane futhi angeze ayishaya ku6ukwa. Angayishaya ngasese yena. Noma yonile angaze ayishaye ngasese. Loku umlo6okazi ukwenza aze athole umntwana naye kuye kuthiwe uma eqe lomu thetho umlo6okaze akanaku 6eletha kahle. Nempela kunjalo kwatho oka Mcunu ogane kwaGa6uza weqa lomuthetho. Kuthe musukwana e6elethayo kw ze kwaku6i impela akaphumelela. Kwathi ngokuzwa loku kwaphuma isalukaze esidala sakhuluma na6a phansi sa6onga impela si6ongela 6ona a6aphansi. Sathi kungaze kufe ika6i encane kusale ezindala nga6e yini. Kwathi seqeda wawu phuma uphefumulo kuso.

10. Kuyafaka zela ukuthi ukuhlonipha into enkulu mpela namadlozi ukuthi futhi akhona. Umfazike uma eqe umuthetho yokuhlonipha u6anjwa a6aphansi ngo6a naku usuke wedelela umuzi yena. Okunye futhi umlo6okazi akadli emile. Namasi asemuzi akawadli uze anikwe inkomo no khezo lwakhe. Kuye kuthi intombi uma isilotsholwa itshenwe ama6izo aonina zala noyise zala uku6a ihloniphe izinhlamvu ezithinta amagama awoyisezala. Umakothi uma esekhuluma uye afune amanye amagama anga khuluma ngawo:-

| | |
|---|---|
| Indlu - inki6a | mhlophe - mntophe |
| indlela - inyathuko | amehlo - amankangelo |
| izandla - izamukelo | umfana - ukhaphelwane |
| isihlahla - isivisho | isihlalo - isicewo. |
| dlula - ngqula | |

11/Umlo6okazi.................

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

11. Umlo6okazi uyakuqaphelisa impela loku ngo6a uma futhi ephule lomuthotho uyahlawuliswa. Akengithi uzokhuluma athi:- "Gezani izandla mthathe ukudla myodlela edlini. Kuthi lapho semqedile a6anye 6ahambe 6ayotheza izinhlanga emahlangeni a kithi angasesihlahleni somtholo" Usezo khuluma kanjena athi "Gezani izamukelo mthathe ukunki6a myonki6a enki6eni. Kuthi lapho seniqedile, a6anye 6ahambe 6ayotheza izinkesheka emakhesheni akithi angase sivishweni somtholo.

Umkwenyane yena a ka kudli ukudla ekweni lakhe uma evakashele khona ngokwaziwa a6akwekazi. Akakudli konke ukudla a6amuni ka kona, ngaphandle kotshwala. Uyathula nje, aku6uke 6aze 6amhla6ise, kade uku6a angazili lutho ngaphandle kwa masi wodwa.

12. Lapha kuyiwa emuzini u Umkwenyana eya ekweni umuzi ungenwa ngakwesoku nene somuzi. Nalapho uphuma, uphuma ngakhona ngakwesokunene. Umalokazana nentombi umazivakashele emuzini, zithi lapho zifikayo emzini ziguqe ngamadolo zisangane njena egumeni noma emunyango nakwa vulandi. Zingene endleni sezihamba ngamadolo ziye zizinze ngakoso khohlo endlini. Kuthi lapho zinikwa icansi zingalali kulona 6ayaze 6a6eke into ethize kulona icansi lelo kande zihlale kulona. Kumbe ku6ekwe u6uhlalu kumbe emali noma usheleni njena. Se6ehlezike umakoti yena uzohlala abeke emusamo abeke phansi futhi wenzela uku6a anga6onwa yena. Lapho a6adala 6emukhulumisa kuphendela intombi ahamba naye

13. Kuzathi uma kukhona okhuluma naye ebekisise kuyena impela umakothi aphendule loko ku6e kuphela uzethula uma esekuphendulile futhi athi du. Ukhuluma njalo ngezwi elincane losizi. Loku okwenza kuqu6eka njalo aze a shade namusukwana eshada umakothi anga6e asakwazi ukuhambe uma esekhishwa ku6o esiwa ku6oka ndoda. Futhi ukhala njalo angathuli omunye kuze ku6e ngakusasa ekhala ngo6a useshiye unina noyise nomndeni waku6o. Omunye asheshe athule njalo njena a6afani na6o Nasenqoleleni use thathanuswa alayishwe embozwe ke ngetshali futhi uku6a a6antu 6angamu6oni 6onke 6amufanise umakothi. Amakholwa afaka iveli uma eshada abeke phansi noma ingasekho abeka phansi.

14. Kuzakuthi amabayi wona afake imvakazi emqheleni iwele ngase6usweni, ukuje 6angam6oni u6uso a6asemzini. Okwamakholwa i(veil) ifakwa izintombi izishade zisami kahle zingemi thanga. Ezishada umushado oyincwele. Umake intombi isi6eletha umuntu wesilisa akangeni mpela endlini. Nezinyanga ziyathumela ukuthi umuthi kuhle wenziwe, kanjena

/zingazi..................

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

zingazi ngeneli endlini. Kodwa uma seku ku6i ziyangena izinyanga. Na6amnumzane 6akhulume na6aphansi manjena. Umuntu wesilisa uzila izinsuku eziningi impela engangeni laku 6eletwa khona kuze kusindwe impela endlini. Nokona kele, uma umntwana ephume esefile ufihlwa yiwona amakhosikazi kuphela. Amadoda ayamba ku6e kuphela.

15. Uma u6iza intombazane wathi intonjana inhlamba ekulu impela uyahlanliswa impela inkomo. Kona namhlanjena kusenjalo. Nentombi ekuzonda njalo impela inga6e isathanda nokuku 6ona la uhamba khona. Lokukusho ukuthi uthi isiwu mufazi intombazane oseke wazala noma oseganile. Kushiwo komakoti kuphela ukuthi intongana na6o ase6e mithi x noma se6e6ele thile. Umakonti amu6izi umuyeni wakhe ngegama noma kanjani u6iza ngelinye lo6u nsizwa uma emu6iza. Uze aja6ule x uma esene ngane uyathi:- "Uyise kasi6ani6ani" Uma engenayo ingane uyathi umfowa6o ka6ani kunokumbiza ngegama. Kwesinye isikhathi a6izwe nge6utho lakhe kunegama lakhe.

Ukugana: Loku enye inda6a.

16. Intombazane iyaye ilungise 6ese i6iza ezinye izintombi isihamba nazo iyogana emuzini othile. Manjena uma isifikile. Se6ezo6ona a6ase muzini ukuthi ezogana lentombi. Isizo6uzwa manjena ukuthi ezengo6ani isizokushoke intombi ukuthi ilapha njena ngo6ani. Phela nayo ukhulunyelwa ezinye izintombi ayizi khulumeli yona. Kwesinye isikhathi 6angaze 6ayivuma kwesinye isikhathi 6ayi vume kuzo6onakala ngemvuma ukuthi 6ayayivuma. Uma imvuma engaphumi ozokwazi ukuthi ya liwe. Isizophuma ihambe ephindele emuva. Uma ukuthi ivunyiwe izohlala sekuzosuka umuntu othuli noma 6a6ili ahambe eseyo6ika yona 6elu intombazane ku6o ukuthi naku lapha ikhona.

17. Uzothi uma eya ahambe nombala wezinkomo sekulotsholwa njengo6a uma intombi isuke yetwaliwe kwenziwa njalo futhi na khona. Se6e zokuzwake a6aku6o kantombi ukuthi kanti ikwa6ani. Se6ezokuya se6eyo6ona izinkomo a6aku6o kantombi. Intombi isizokhululwa yona uku6a mayiphindele emuva ku6o sekulungiselelwa uku6a mayishade manjena. Uma seyishadile isizolalela yonke into yasemuzini.

Omunye futhi umkhu6a wa6antu yilona wokuhlonipha. Kuhlonishwa ngisho nezulu impela yalo. Kuthi uma seliduma selitwese amanzi awaphonswa emunyango, kuthiwa ufaka u6ani endlini uma wenganjalo. Amanzi awaphuzwa 6umi. Kuhle uhlale phansi uma uwaphuza.

18/Into......................

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

18. Into enye akukhiwa into-eluhlaza ekwendla ngoба izulu liyagxoбo emasimini. Amasi awaphumeli phandle. Ingaбe ufuna ukwetha uбisi izingula zisiwa esiбayeni zonke zethelwe khona lapho. Amasi avuntshwe angaphumeli phandle ngoба aбanga izulu. Amasi avutshiwe awaphonswa eziko ngoба izinkomo zayagazuka zonke uma amasi eshisiwe. Udaka aluzi ekhaya nalo kuthiwa lugazula zona izinkomo бelu. Ukudlala ibola ekhaya kuбanga izulu akuvunyelwe. Ukuqumisa isiswebu ekhaya kuбanga lona izulu. Ukugunda izinwele uzilahle phansi ekhaya kuбanga izulu nakofuthu ukuphakamisa igeja kuziliwe kuбanga izulu. Yingako sithola

19. lesisiga.

"Udlala ngegeja kuziliwe" uma ulandula, uphikisa omunye umuntu. Ukuphakamisa igeja kuzilwa uma kufiwe noma izulu lishayile emasimini. Umaseliduma izulu kuye kwa konke phandle nasendlini kuyafana. Uma kade uhluбule uyaye weMbathe, uma kade ukhuluma uyathula. Wonke umuntu osendlini uyasuka phakathi nendlu ahlale othandane azisongekhona athule athidu. Kuthi nomuntu okade egaya ayeke ukugaya. Noбondayo eziko uyayeka. Kuzothi zonke izinto ezimanyazelayo zembozwe ukuбa zinga khanyi namanzi imbala ayembozwa angaбona kali. Uma kade ulele uzovuka uhlale ngezinqe uthule kuze kwendlule lona izulu lelo.

20. Kuzathi lisaduma noma uma liseza umnumzane aphume ashise isikhumba semvu emnyama ashunqise nangomunye umuthi awaziyo. Usezokhipha naбafana. Aбafana kushiwo iziбethelo izindukwana zalo izulu ezafakwa umuthi. Kwesinye isikhathi isikhumba sikanogwaja siyasiza nasofuthi uMaliduma izulu. Uma umnumzane engekho aбafana бakhishwa inkosekazi endala esikhulile engasayi emfuleni. Izoбaliloma emnyango phandle aбanye ngemuva lakuqamuka khonana izulu. Njalo kuthi uma letwaa aбantu бafune izinyanga ziбethele emuzini waбo. Zithola izinkomo ngaloko izinyanga. Nkuбethela kufana nocingo lwaбe lungu eliбamba

21. umbani. Uma izilu likufumanise uhamba okhalweni kuhle ukuба ungaбaleki uhambe kancane njena ungagijimi. Uma ugijima liya kuthanda impela. Kuzothi uma uбona umuzi eduze kwakho usuzophambuka uyongena khona kulowo muzi. Kuzakuthi ngokusa kwalo usuphuma usuhamba.

Umuntu angahloniphi nothakathayo o linyazwa izulu ngesintu kwa бamnyama. Uma umuntu omdala umunika umese noma umukhonto umuni ka ngase seбanjweni umukhonto ubeke ngakuwe kuthi induku iбengakuyena uma ungenzanga njalo uzothi ufuna ukumgwaza yini alwe nawe futhi.

/Uma ugenana.............

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Uma ugenana endlini kuhle ushiye izinduku zakho emuyango ungangeni nazo endlini.

22. Utshwala: Uma kuzakwenziwa utshwala. Kuthathwa ama6ele acwiliswe kuyakalwa. Uma kuwu tshwala o6ukhulu amanzi akhiwa ngemiphongolo, noma kuphindelele amakhosikazi ekha amanzi okwenya. Kuyaye kwenyelwe emabodweni nakuyona imphongolo. Kuzothi uma esekhukhumele usuyawa khipha manjena usuwa faka ezimbizeni ezingenamanzi usuwa vala ngamasaka uku6a kunga ngeni umoya. Asazomila. Athi uma esemilile usuyawa khipha usuyawe neka manjena. Umase omile usuyawaxu6aninisa namanye ama6ele angewona umntombo. Kuzothike umntombo wokuwu6ela usuwu6eka eceleni wona. Kusothi uma usuwu gayile lowomntombo exu6eni namaбele usuyawuvu6ela. Ukuvu6ela kushoku ukuka amanzi uwa6ilise 6ese uwathela kuleyomphuphu.

23. Uma kusenziwa la6o tshwala kuyaye ku6e khona utshwadlana eceleni kwalo6u o6enziwayo. Lo6o tshwadlana 6ona 6uvutshelwa kuqala kuno6u-nje. Ku6izwa ngokuthi 'idlula' kumbe 'ingiyo' ku6e isixu6o. Uma isivuthiwe ingiyolena uma isiphuzwa akushiwo ukuthi emnandi noma yimbi. Kuyaye kuphuzwe njena. Kodwa kuzwa kala ngayo idlula ukuthi utshwala 6uzo6a njani. Umase uphuza 6onake utshwala. Ngempela usungasho nokuthi 6unjani. Utshwala uzothi uma usu6u phekile usuzo 6upholisa uma se6u pholile usuzo 6uvu6ela ngomntombo. Uqale uwugaye lowo muthombo 6ese uwu6ela ngawo. Umase uvu6ele usuzolindela uku6a ku6ile. Usuzo6u 6eka endaweni efudumele ukuze 6usheshe 6u6ile. Umase6u 6ila usuya6uvova lo6o tshwala.

24. Uma u6uvovo utshwala uqale ulungise ivovo lakho kuthi umaselilungile usuzoqala ukuvovo. Kukhona isehla utshwala uma 6ungaka vovwa kahle. Manjeke kuzothi okusala otshwaleni phansi usukuthatha loko ku6izwa ngokuthi isigwamba. Isigwamba kuyaye kuphekwe kuze kushu6e kulungele ukudliwa ngesandla. Amavovo aphuma otshwaleni aphiwa izingulu6e nama hashi kanye nezinkukhu ekhaya. Uma se6uvovive utshwala 6u6ekwa emusamo. Se6uzophuzwa ke amadoda. Uma kuwu tshwala 6akucanguza se6uzo lindela lolo suku la6o. Omunye umkhu6a wa6antu uma kweliwa ama6ele kuthandeka ku6e khona umoya kahle ongemukhulu, umoya

25. omukhulu awelisi kahle. Usimuze uphephule konke njena nama6ele umoya wokwela u6izwa ngokuthi umuthakathi. Umali6ekile izulu kuhlalwa ngokushunqisa esizeni lakweliwa khona ama6ele. Ngaloko kwenzelwa uku-

/6iza umoya..........

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

6iza umoya. Ama6ele lana a6ulwa ngezandla ukuze ande nawo. A6akwa-Sithole 6athi ukubula ngezinka6i ukumosa ukudla komuntu loko. Futhi 6athi awandi ama6ele uma ebulwa ngezinka6i. Kuye kumenywe zona izinsizwa zizowa bula. Uma futhi kubulwa kufuneka umuntu ayi6ambe ngezandla zombili induku ukuze kulunge ukudla. Manje uma umuntu ebula ngesandla esisodwa kuliwa naye axoshwe futhi kuthiwe uwumuthakathi lowo muntu.

26. Okunye futhi okuhlonishwayo ngaleli gama lokuthi umuthakathi inyongo uma umuntu ehlanza kuye kuthiwe ukhipha umthakathi noma futhi umunt e6ulawa izinyo, noma futhi ingane encane iphuma amazinyo kuthiwa a6athakathi la6o. Uma izinsizwa sezi wabulile ama6ele izalukazi zona namakhosi kazi sekuzokwela ama6ele lawo uma eseliwe afakwe emugondini ukuze angonakali. Lomugodi wenziwa esi6ayeni umbiwe kahle impela kuzothi uma umgodi umu6i onakale ama6ele 6ese ku6a khona nesangco6e. Isangco6e ama6ele asonakele angasenakulunga. A6antu 6ayawadla wona lawo ma6ele. Kodwa 6athi a6amhlophe aphambene nempilo lawo ma6ele asekhuntile.

27. Omunye futhi umukhu6a wa6antu uma inkomo ihlatshiwe akuvunyelwe uku6a izingane zidlale ngesinye sayo. Kuye kuthiwe izogulisa a6antu ekhaya. Futhi akuvunyelwe uku6a izingane zidlale ngenyama ngo6a izogulisa a6antu leyonyama. Kuye kuthi u umuswane wenkomo usukhishiwe 6ese ubelwa phansi emhla6athini ngo6a kwesatshwa a6athakathi ukuthi muhlaumbe 6anga 6ulala umunini nkomo ngomuswane wenkomo leyo. Inyongo yenkomo ayilahlwa iyaye igcinwe impela ukuze a6antu 6angagaliswa iyona. Iyaye igcinwe x umnumzane womuzi. Kuthi nefindo futhi emusilele inkomo ifinywe ifindo ukuze unga6i nesidina naku6antu. Umuntu ophatha umuthi akavunyelwe ukunquma inkomo.

28. Inkomo njena uma ihlatshwa emzini. Kuye kuthi umuntu ozoyonquma akhetwe. Uyaye anikwe umukhonto wakuyihla6a ihamba. Ihlantshwa ngakosokunene njalo njena inkomo. Ihlatshwa esiphangeni ukuze iwe. Uzothi uma eyihla6a ayihla6e imile inga6anjwanga. Kwesinye isikhathi 6ayihla6a amanxe6a amaningi ukuze iwe phansi. Umnumzane uyaye aja6ule uma iphuza ukuwa nga6a iqinisa yena umunumzane. Uma isheshe iwe i6ulala yena umunumzane futhi. Phela izinkomo za6antu ziyelashwa zona njalonjena ukuze ziqine. Nomnumzane welashwa ngazo izinkomo lezo. Kuzothi uma isiwile 6ese iyanqunywa ngaphambili ukuze kuthola

/kale u6u6ende............

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

kale u6u6ende. Isizokwa thiwa manjena. Uma seyathiwe 6ese iyahlenzwa.

29. Inkomo ayihlinzwa njengembuzi nemvu. Kuye kuthi uma seyathiwe 6ese ushaywa ngejoka nangemivalo ukuze isheshe ukuhlinzeka. Uma kunge njalo ingathatha isikhathi ukulunga kuzathi uma isiphelele ukuhlinzwa 6ese yathiwa kuyaye kuthi ingaka thiwa 6ese ikhishwa izinso nhlangothi zombili. Ngisho izinso ezikhishwayo. Kuye kuthi eyangasokudla ikhishwe nendle6e yayo. Yona futhi inikwa umnumzane leyo. Sekuzothi kunjalo 6ese kukhishwa izithozonke imilenze nemikhono. Masekunjalo sekukhishwa inqola. Inqola lena iseduzane nazo izinsolezo. Manjenake isizo khishwa no6ilo. Kuzothi umasekuphelile konke loku 6ese iyahlahlelwa manjena iqaqwe ngaphakathi.

30. Sekuzokhishwa okwangaphakathi. Kuzathi untu lukhishwe 6ese kukhishwa nomuswane. Umuthetho uma kuhlinzwa ileyo ndoda iyazi ntshontshela amanjwaphana okuthiwa amantshontsho. Uma wena uyisilima awu6uyelwa lutho ngo6a a6ahlakaniphile 6ayakuqedela. Kuzakuthi futhi amanye amantshontsho osiwe khona lapho ese6ayeni kudle amadoda. Kuthi uma isiphelile inkomo 6ese kuyathutwa inyama isiwa endlini. Kuthi amadoda ehlinza a6e futhi ephuza notshwala. Kune nyama edliwa 6uhlaza ingosiwanga kuze kuthi njena ngoku thanda kwakho uyose. Ise6indi aswutwa kakhulu simunandi sinegazi kusho uzulu naye uSithole. Ugalo inyama yamadoda ahlinzayo. Iphaphu inyama ya6afana.

31. Kuzakuthi lenyama i6ise iyaphekwa kuthi uma isiphekiwe sekuzothi ngezikhathi zantambama kuhlangane amadoda azokudla indloko. Namakhosikazi azodla eyawo inyama. Kuzothi a6afana 6ona 6adle iphaphu la6o. Iphaphu lidliwelwa ehlane. A6afana futhi kuthi umakudliwa in hloko 6a6e khona na6o 6azokudla amanqina nayo futhi inhloko. Inhloko lena idliwa kanjena. Kuye kuthi amadoda ahlale ngama 6utho awo, nango 6udala 6awo. Ayehlukana ku6e yiziga6a eziningi impela. Asazenikwa ngezithe6e wonke. Kuzothi ku6afana adame e6aphonsela amadoda. Kuya ngokwaziwa kwa6o a6afana. Uma umfana engaziwa awamuphilutho amadoda lowo mfana.

32. Kuzokuthi uma a6afana 6eyokudla iphapha 6a6izane. Na6o 6elu 6a zohlala ngamanani a6onjalo njena kuzothi izingwele zona zihlale zodwa kuthi amagwala futhi a6ewodwa. Kuzothi noma sekudliwa amagwala azo thola encane nembi futhi wona aphonselwe futhi inyama. Izinqwele zona

/zokudla..................

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

zokudla indliziyo. Amalogwe nezinkuni zifunwa yiwona amagwala. Ama qawe ayazi hlalela njena. Sekuzoqa thelwa na6a fana. Iphaphu lamagwala liyafutwa ngentuthu li6a6e. Umuminzo uyaye uconywe kusuke umfana ozaziyo ukuthi anga6e shaya a6anye. Uzothi esawu thatha 6amuthelekele 6onke a6afana 6amushaye. Usezovika naye kwesinye isikhathi 6amehlule.

33. Kuzakuthi amadoda wona uma esedlile inyama a6ese ephuza utshwala ingathi aqale ngokuphuza umusobo. Kuzothi umaseku phelile ukuthunga utshwala noku 6uphuza asuke amadoda asine. Uma esesina asuke ese6ongela noma ese6onga inyama leyo. Amakhosikazi wona asazokuza azo6ukela futhi alili zela nawofuthi agiye ese6onga. Kuzakuthi nakusasa ovuke waya khona afumaniswe kusaphuzwa utshwala nenyama isekhona. Kuye kuthi umulenze nenye futhi inyama isalele umukhaya. Notshwala 6uye 6ushiywe futhi. Kuthi uma ukuthi 6aku wutshwala o6umnandi 6ese ngovovwa nezinsipho. Izinsipho zinga6e zisa6a munandi kodwa. Ezinye zi6amnandi njalo njena.

34. Enye into ehlonishwayo izinkomo. Inkosikazi ayida6uli ka6ili izinkomo. Kuye kuthi futhi uma inkosikazi iye emufuleni inga ngeni esi6ayeni sezinkomo. Inkosikazi uma ishonelwe umuyeni wayo ayiyi esi6a yeni isazilile. Noma izinkomo zise khalweni inkosikazi ayizeqi izinkomo iyagega uma izi6ona. Kufana noma kukhona amajoko ezinka6i umuntu wesifazane akaweqi yena. Futhi nentambo nesiswebu akaseqi umuntu wesifazane. Umuntu wesefazane akameqi umfana noma indoda kuye kuthiwe iyokuwa njalo uma ihamba. Umfana yena akali khothi iphini futhi akali liwayi ibodwe noma ukuli gezanjena. Umfana okhotha iphini kuthiwa 6ayo mushaya ingozi a6anye a6afana.

35. Ukwemitha: Intombazane uma yemithi kwelakwa Sithole u uyise uyahlawuliswa 6ese kuzothi yena ahlawulise umfana kakhulu impela. Uyise uhlawula ngembuzi kuzothi uyise yena wentombazane ahlawulise uyise womfana inkomo noma izinkomo ezimbi. Lentombazane eyemithile isizo ganiswa manjena noma ingathandi ukugana. Futhi izomane iganisw ikhelila njena yona. Kwesinye isikhathi ithathe yilona isoka layo elayimithisayo. Yingako kufumaniseka amantombazane amaningi akwa Sithole ezula emadilobeni nasezinkophoni. Yingo6a esa6a ukuganiswa a6antu anga6a thandiyo. Naku6o a6a Thembu lomuthetho uyafuna ukuqina kodwa kukhuze a6anye ngo6a izingane zikuke zindinde manjena.

36/Uma...............

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

36. Uma intombazane yemithi amanye amantombazane awayidli imvimba yayo leyo kuyefuthi kufuneke umnumzane avimbe ukwemitha emuzini wakhe ngenkomo kuye ku6ulawe inkomo kukhalwe kwa6a phansi. Ingadliwa futhi amantombazane. Amantombazane amancane angakazi lutho ayayidla lawo wona. Kufana nomntwana uma eshile kuye kuvinjwe kuhlatshwe imbuzi noma imvu 6ese a6antwana 6ethelwa ngenyongo leyo. Lentombi eyemithi inga6e isahamba nezi nye yona ihlala yodwa ngemuva nase masontweni ngo6a izofundisa ezinye umukhu6a omu6i. Kuye kushiwo njalo. Noma kuhla tshiwe ekhaya izodla yona namakhosikazi ngo6a inomntwana seyazala

37. Amantombazane ayahlolwa njalo. Uma intombazane seyonakele futhi umfana uyalilawuliswa lowo. Nezinsizwa azina nda6a kakhulu ngentombi eseyona kele neseyake yazala. Lezontombi izintombi zezi shimane na makhehla. Kuye kuthi futhi intombazane ingayidli inyama yenkomo leyo ehlawulwa ngayo yona. Uma izintombi ziqala ukuqoma amasoka azo akhima imali ayise enkosi. Phela izintombi lezi ziqoma kanjena zihamba ngama 6utho, njengaku6o a6afana. Uma isokala ukukhipha imali yenkosi intombi ilala ekuseni. Futhi isoka uma intombi isoliqoma lifika nemali u £1. 10. 0 imali yezintombi zodwa. Izintombike zona zizozi thengela ezikuthandayo ngaleyomali ziphane ngayo.

38. Ingathi okunye uma intombi yemithi kusuka izintombi izili 6utho layo ziyishaye impela kwesinye isikhethi kulimale nokusesiswini kuleyo intombazane na6azali a6anamandla okuthi 6angenzani uma izintombi ziyi shayile ngo6a umuthetho lowo. Isuke izingcolisile manjena okunye naku umafuthi intombazane yonakele. Ziyaye ziyishaye izintombi ngo6a idumaza i6utho lazo. Kuthi noma seziqoma ziqome ama6utho azo izintombi lezi. Kuyihlazo elikhulu ukuzwa k ukuthi intombi ethize iqome i6utho lezinye izintombi. Nezinsizwa kuyazixa6anisa loko uku6ona eny insizwa yeshela i6utho lezinye izinsizwa. Uma intombi isheshe yaqoma kungakafaneli ziyayi shaya futhi ezinye izintombi.

39. Insizwa uma iyisoka uyi6ona ngama phasi amaningi asentanyeni ~~yanzelwaxyi~~ yenzelwa yizo izintombi. Amaphasi enziwa ngo6uhlalu. Nawo ke awafani u6uhle 6awo kuyangamanono nango 6udlaba 6ezintombi. Ezinye zenza amakhulu a6anzi ezinye njalo ngokuswela zenze amancane. Kuzothi noma seku6uthenwe ku6ona kale ngawo amaphasi ukuthi u6ani lona uyisoka kulele 6uth Phoke futhi amasoka angamagagu ukusineni. Kuzothi uma sekusinwa izintombi zi6uke. Naleso zodumisa i6utho lazo. Kuzothi umasekuzogcinwa

/ukusinwa..................

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

ukusinwa izinsizwa zime ngama 6utho 6ese kuqudelwana. Kuthi amagagu aqathaniswe wodwa. Kuhamba kuhamba kuvele impi phakathi kwezintombi nezinsizwa. Ama6utho ehlukane alwe odwa.

40. Kufana nezihlangu azifani zehlukana ngama6utho. I6utho elethuze lifaka izihlangu ezithile ne6utho elithile lifake ezalo njalo njena. Na kuwo ama6ushu futhi kunjalo. Nezingomo kwesinye isikhathi azifani ngokwehlukana kwama 6utho. Kukhona futhi umukhu6a owenziwa yizo izinsizwa ukungcweka. Izinsizwa zine ndawo yazolapho zingcweka khona nalapho zisina khona. Kuye kuthi amagoso amemezele ukuthi ngela nga elithize kuyo6e kuhla ngenwe endaweni ethile emini yathambama okuyisona sikhathi kusinwa ngaso nezintombi sezizokuya lapho ziyo6uka namofuthi zisine. Phoke futhi kuyawa xa6anisa ama6utho ngo6a nezintombi zixa6anazodwa namagoso axa6ane odwa kusuke impi.

41. Uma kuyo6ukwa kwesinye isigodi kuyaye kuhlangane amagoso ahlangenele egosweni lawo elikhulu lempi. Manje igoso lempi ilona eselizo6onisa amagoso amancane ngenda6a yokuhamba. Loku kwenziwa uma leso sigodi 6engezwani naso. Kuzothi igoso elikhulu lona lithathe muva ne6utho lalo. Kuzothi uma sekuhlwile ahlangane ama6utho lapha kukhona igoso lawo elikhulu Sekuzozwakala kukhala izimpondo zezi nkomo. Manjena sekuzolindelwa izitha. Igoso elikhulona lizosala ngomuva njalo namanye ama6utho. Awadedelwa uku6a ama6utho a6ambe kanye kanye uma kungeyona impi enkulu kuyimpi encane njena. Kuzothi uma ku6ona kala ukuthi liyehlulwa leli kuphume elinye njalo njena. Uma kuku6i nguze kuphume igosokazi nezegazi.

42. Umasekuphume igosokazi nezegazi kuzwakale. Uma na6o 6ehluliwe kuyaye ku6e icithiwe leyo. Impi phela manjena ilwa ngemi khonto nango mavolovolo a6awantshontshayo emse6enzini a6antu. A6aThembu a6adumile ekulweni ngawo amavolovolo. Phoke umasekuphuma igoso loku gcina elikhulu kusuke sekuphuma wona amavolovolo lawo. Kuzethi umakufikwa ekhaya amagoso asazohlangana kuqala odwa 6ese ekhetha ilanga lokuhla ngana nama6utho sokuzokhonjwa konke okwenza impi uku6a maye hlulwe. Sekuzo6ona kala amagwala na maghawe a6anye njalo 6athole izi6ongo ngo6uqawe a6a6enza. Sekuzolungisele lwake futhi ukuthi ngomusindo wakwa 6ani yikoloko futhi.

43. Namakholwa ane6utholawo odwa. Yingakonjena aBaThembu na6akwaSithole 6enga hambe lani. Nezihlo6o kwesinye isikhathi zihambe lana kanzima. Induna enezinsizwa ezivuthayo ku6a Thembu uMfoka Twala uPhikikani. Uma 6esho6athi ama6utho akhe anamavolovolo. Naku6o impila a6aThembu

/6e6odwa...............

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

43 Cont. 6e6odwa unamndla uPhikikane. Noma ixa6ene nama Cunu akasali yena uyaziwa ku6a Thembu. uPhikikane wakhe eduze ne Wesselsnek Station. Uyinyanga enjalo njena futhi. Okwamanjena a6akwaSithole, 6ayehlulwa amaThembu ngo6a futhi amaThembu isizwe esikhulu. Noko okulwa a6akuyekile kodwa. Nezintombi futhi ziya yizilwe zodwa na6afana futhi 6alwe 6odwa njalo njena.

END 377

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.